

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

IZINKOMBA ZOKUNIKEZELWAYO:

ISIHLOKO	UMBIKO WEBHODI YOLIMI YENYUVESI YAKWAZULU-NATALI WONYAKA WEZI- 2014/2015
Umbhali neSikhundla	uSolwazi Renuka Vithal (DVC: T&L; uSihlalo: iBhodi YoLimi YeNyuvesi) Dkt Langa Khumalo(uMqondisi: ULPDO)

UMLANDO WOKUGUNYAZWA

Uhlaka Olwathintwa	Usuku	Umpumela
IBhodi YoLimi YeNyuvesi	24 kuNhlangulana 2015	Ingunyaziwe
Izigele	19 kuNcwaba 2015	

OKUQUKETHWE UMBHALO

Isiphakamiso Ukwazisa ngoMbiko weBhodi YoLimi YeNyuvesi (ULB) (2014/2015) njengesimiso senqubomgomo.
Okuhlosiwe UMBiko WeBhodi YoLimi YeNyuvesi wezi-2014/2015 ungowesithathu walolu hlobo obhekiswe kwiZigele ngokuhambisana neNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi olubeka ngokucacile ukuthi umbiko olimimbili kumele wethulwe kwiZigele zeNyuvesi. Umbiko yokuqala, wesibili nowesithathu yethulwa ngomhla wesi-9 kuNhlabathi 2012, 21 kuNcwaba 2013, ne-20 kuNcwaba 2014. Lo mbiko wamanje uhlanganise eminye imisebenzi nenqubekela phambili ye-ULB ekusebenziseni uHlelo LoLimi LweNyuvesi.
EzeziMali Kubikiwe ngaphakathi kombiko
Okuhambisana Nalokhu Umbiko WeBhodi YoLimi YeNyuvesi YaKwaZulu-Natali 2014/2015

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

IBhodi YoLimi YeNyuvesi YaKwaZulu-Natali Umbiko wezi-2014/2015

Okuqukethwe

Isingeniso.....	3
Amalungu eBhodi YoLimi YeNyuvesi 2014:	3
IHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi (ULPDO).....	4
Ukusetshenziswa KweNqubomgomo NoHlelo LoLimi.....	5
Isifundo soLimi LwesiZulu	5
Ukwakhiwa KweKhophasi NokuThuthukiswa KwamaTemu	5
Okwenziwa Yi-ULPDO	9
Imisebenzi Exhasiwe	9
Ukuqashwa Nokuhlolwa Kwemisebenzi YesiZulu	10
Uma Sibheka Ikusasa	11
Okushicilelwe	12

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

Isingeniso

IBhodi YoLimi YeNyuvesi iyahubeka nokubhekelela ukusebenza kweNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi. Emuva kokuhlelwa kabusha kwamaKolishi aseNyuvesi, ukuvakasha kweKomidi likaNgqongqoshe WezeMfundo Ephakeme kuNhlaba 2013, ukushaywa koMthetho wokuSetshenziswa KweziLimi EziseMthethweni ngonyaka wezi-2012, i-ULB yaqala uhlelo lokubukeza iNqubomgomo noHlelo LoLimi LweNyuvesi olugunyazwe ngonyaka wezi-2006. I-ULB yaqoka ithimba elanikwa umsebenzi wokuqiniswa kokuhlinzekwa iNqubomgomo YoLimi ukuze ihambelane nezidingo zomphakathi wonke waseNyuvesi kanye nezimiso zomthethosisekelo wezwe njengokubekwa kwazo kuMthetho WokuSetshenziswa KweziLimi EziseMthethweni (2012).

Ithimba elaliholwa uSihlalo we-ULB laxhumana nazo zonke izinhlaka zeNyuvesi. Imibono yatholakala kuzo zonke izinhlaka zeNyuvesi yaphinde yafakwa yaba yingxenye yeNqubomgomo NoHlelo LoLimi olubukeziwe. INqubomgomo NoHlelo LoLimi kugunyazwe yiZigele noMkhandlu kuLwezi nakuZibandlela wezi-2014.

Amalungu eBhodi YoLimi YeNyuvesi 2014:

Solwazi R Vithal (uSihlalo)	DVC: Kwezokufunda Nokufundisa
Dkt. L Khumalo	UMqondisi: UkuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi
Dkt. R Dhunpath	UMqondisi: Ukufunda Nokufundisa
Mnu. L Seshoka	UMqondisi Omkhulu: Kwezobudlelwano
Dkt. S Chalufu (Ibamba)	UMqondisi Omkhulu: Kwezabafundi
Mnu. B Poo	Ezokweseka Ukufunda
Solwazi G Kamwendo	Ungoti Kwezokufunda
Solwazi A Modi	EzoLimo, ubuNjiniyela NeSayensi
Dkt. M Matthews	Izifundo zezeMpilo
Nkk C Engelbrecht (Ibamba)	Izifundo zezeMpilo
Dkt. G Mazibuko	EzesiNtu
Dkt. S L Ntuli (Ibamba)	EzesiNtu
Dkt. A Bengesai	EzoMthetho NokuPhatha
Mnu. K Zondi (Ibamba)	EzoMthetho NokuPhatha
Mnu. K Mngadi	Umxhumanini KwezoLimi
Mnu. S Mthethwa	Ilungu le-CSRC

I-ULB ibambe imihlangano emine ngonyaka wezi-2014. Le mihlangano ibiyizingosi ezikhethekile lapho amalungu eBhodi ebethola khona indawo yokuphakamisa izindlela zokuqhuba uhlelo lokusebenza kweNqubomgomo NoHlelo LoLimi kuyo yonke iNyuvesi. Lo mbiko ubalula amagalelo e-ULB ekusetshenzisweni koHlelo LoLimi.

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

IHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi (ULPDO)

Nakuba i-ULB iqapha futhi inikeza nobuholi ekusetshenzisweni kweNqubomgomo noHlelo LweNyuvesi LoLimi, iHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi liqinisekisa ukusebenza kwezinhlelo ze-ULB. I-ULPDO isanda kuqeda unyaka wayo wokuqala isebenza ngokugcwele emva kokuqashwa kwabasebenzi bayo. Enyakeni wayo wokuqala i-ULPDO iqale izinhlelo zolimi ezahlukene. Umsebenzi ovelele kodwa yilowo wokwakhiwa kwekhophasi yesiZulu uhambelana nowokuthuthukiswa kwamatemu esiZulu okubalulekile ekuthuthukisweni kwesiZulu njengolimi lokufunda.

Umsebenzi wokwakha iKhophasi KaZwelonke YesiZulu (INC) uqale ngekwata yokugcina. Imisebenzi yokuqala ukuthi ifakwe kukhophasi kube ibhayibheli lokuqala lesiZulu, umthethosisekelo wezwe, inoveli yokuqala eyashicilelwa ngesiZulu, inoveli yokuqala eyashicilelwe umbhali wesifazane ngesiZulu nencwadi yokuqala yegramama yesiZulu. I-INC yahlolwa ukusebenza ngeNdaba YokuThuthukiswa KwamaTemu EsiZulu, kuLwezi 2014 lapho kwakunamagama asebenzayo ayizigidi nekhulu (1,1m). UkuThuthukiswa KwamaTemu kuqhubeka ngendlela encomekayo kakhulu, i-ULPDO ibambe imihlangano yokuthuthukisa amatemu amasha eyi-10 futhi yabhekelela ukugunyazwa kwamatemu ezemidwebozakhiwo, ezomumo womzimba womuntu nezomthetho kusetshenziswana ne-Isizulu National Language Body. Kugunyazwe amatemu ayi-1863 ngokulandela umthetho wokuthuthukiswa kwamatemu othinta ukubonisana, ukucubungulisa kanye nokugunyaza.

Enye yezinjongo eziphambili zeNqubomgomo YoLimi YeNyuvesi (ebukezwe ngonyaka wezi-2014) “[...] ukugcina nokugqugquzela ukuhlonishwa, nokukwaziwa, kwezilimi ezibalulwe kumthothosisiekelo, nezinye izilimi, okubalwa nezilimi eziyigugu, eziyisisekelo sokuxhumana ngokwamasiko, isayensi nomnotho [...]”. Lokhu kubaluleke kakhulu ekwamukeleni nasekukhuthazweni kobumbano kwezenhlalo yomphakathi waseNyuvesi. Yingenxa yalesi sizathu i-ULPDO yaqala olunye lwezinhlelo zayo i-Bua le nna. Lolu hlelo lwenziwe ngokubambisana nehhovisi lomqondisi omkhulu kwezabafundi ngokusebenzisa abafundi nabasebenzi base-ULPDO. Uhlelo luhlose ukufundisa ulimi lwesiSuthu kubafundi abangasikhulumi ezindaweni zabo zokuhlala zase-UKZN. Izindawo zokuhlala lapho uhlelo luqale khona ukusebenza zikhethwe ngokucophelela nangokubhekelela ukuthi eyodwa indawo ehlala abesilisa kanti enye eyabesifazane okuyi-Ansell May neJohn Bews. Lolu hlelo luhlose ukwethula izilimi ezinhlobonhlobo zomdabu kubafundi ngendlela esamdalo, engenangcindezi kodwa efundisayo. Umphumela walolu hlelo ukuthi abafundi bamukele, bathakasele futhi bahloniphe

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

ubulimngxube nobusikongxube. Abafundi basezindaweni zombili zokuhlala kanye nabafundisi balolu limi bakuthokozela kakhulu ukuba yingxenye yalolu hlelo.

Mhla zingama-23 kuMbaso 2014 i-ULPDO yethula olunye uhlelo lwayo olusha i-South African Sign Language Advocacy Day e-UKZN. Isiqubulo salolu hlelo sithi “I-UKZN ixhumanisa abantu ngoLimi lwezimpawu”. Lokhu kwenziwe ngoba Umthetho Wokusetshenziswa KweziLimi Ezisemthethweni wonyaka wezi-2012 uyaluhlonipha uLimi Lwezimpawu LwaseNgingizimu Afrika njengolimi olulinganayo nezinye izilimi zezwe eziyishuminanye. Lolu suku luqwashisa ngabangezwa e-UKZN futhi luzwakalisa izinkinga ezikhungethe abantu abangezwa abahlala phakathi kwethu. I-ULPDO iyaziqhenya ngokuqala lezi zinhlelo ezimbili njengengxenye yomsebenzi wayo wokuthuthukisa izinga nokusetshenziswa kwezilimi ebezicindelwe ngaphambilini ukuze zibe yizilimi ezibalulekile empilweni yeNyuvesi.

Ukusetshenziswa KweNqubomgomo NoHlelo LoLimi

Isifundo soLimi LwesiZulu

Unyaka wezi-2014 ubuwunyaka obaluleke kakhulu lapho uMkhakha WeziLimi Zase-Afrika uqale ngempumelelo izifundo zesiZulu eziphoqelekile kulabo abenza unyaka wokuqala eNyuvesi abangakabi neziq. Bayi-1089 abafundi bonyaka wokuqala abaqede lesi sifundo sesiZulu ngempumelelo. Incwadi yokufundisa i-*Asikbulume* ithuthukiswe abasebenzi bomkhakha weziLimi zase-Afrika emakhempasini i-Howard, i-Westville nase-Pietermaritzburg. Isikole SezokweLapha sinesifundo esiyisipesheli esihlelelwe ukuhlangabezana nezidingo zabafundi zomsebenzi.

Ukwakhiwa KweKhophasi NokuThuthukiswa KwamaTemu

Njengoba bekubekiwe esingenisweni, izinhlelo ezimbili zibaluleke kakhulu emsebenzini wokwenza isiZulu ulimi lokufunda ukwakhiwa kwe-INC kanye nokuthuthukiswa kwamatemu. I-INC izobaluleka kakhulu ekuthuthukisweni kobuchwepheshe bolimi lwabantu (HLT) nokunye okuwubuchwepheshe okusebenza ngolimi lwesiZulu. Futhi iyinqolobane eyigugu yolwazi uma kwenziwa ucwaningo lokufunda.

Njengoba kusaqhubeka umsebenzi wokwenza isivumelwano esisemthethweni sokusebenzisana phakathi kwe-UKZN ne-PanSALB, i-ULPDO isiqalile umsebenzi onzulu wokwakha i-INC. I-INC iyikhophasi esathuthuka esazokhula kakhulu eminyakeni ezayo. Yaqala ukusebenza inezingcezu eziyisigidi nekhulu (1.1m) kuyimanje izezingeni lamanye amakhophasi afana

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

nekhophasi i-Browns Corpus of American English (1964) ne-Lancaster-Oslo/Bergen (LOB) Corpus of British English (1978).


Isithombe esikhombisa i-INC ekwethulweni kwayo.

N	text file	file size	tokens (running words) n	tokens used for word list	sum of entries	types (distinct words)	type/total ratio	standard dev.	STTR basis	STTR basis	mean word length	word length std.dev.	sentences (n words)	mean (n words)	std.dev.	graphs (n words)	mean (n words)	std.dev.	headings (n words)	mean (n words)	std.dev.
1	Overall	10 402 393	1 186 675	1 097 358	204 233	18.61	61.23	40.13	1000	7.09	3.24	78 490	16.68	756.59	382	2 872.66	20 413.9				
2	Zukon00001.txt	301 724	32 353	29 943	8 488	28.35	54.17	42.03	1000	7.81	3.84	962	31.13	35.89	1	29 943.0					
3	Zuhovel00001.txt	164 561	19 396	19 258	8 878	46.10	73.51	23.89	1000	7.02	2.61	1 858	10.36	6.86	1	19 258.0					
4	Zuhovel00002.txt	188 231	21 985	21 965	8 806	40.09	68.43	29.83	1000	7.32	2.77	1 982	11.08	7.13	1	21 965.0					
5	zubbile00001.txt	3 886 206	425 504	394 316	72 721	18.44	59.11	43.26	1000	7.63	3.12	30 076	20.16	1 222.13	1	394 316.					
6	zuhlile00001.txt	434 126	42 802	40 341	14 400	35.70	58.44	40.51	1000	6.74	3.68	3 489	11.56	18.25	1	40 341.0					
7	zulumanu00001.txt	362 541	41 042	39 779	14 019	35.24	62.79	34.08	1000	7.50	2.88	3 276	12.14	7.45	1	39 779.0					
8	zulumanu00002.txt	158 380	17 976	17 556	6 439	36.68	59.21	37.52	1000	7.36	2.94	1 657	10.60	6.73	1	17 556.0					
9	zulumanu00003.txt	142 269	15 593	14 866	6 377	42.90	66.35	29.87	1000	7.69	3.15	1 532	9.70	6.61	1	14 866.0					
10	zultales00001.txt	14 606	1 703	1 703	951	55.84	58.80		1000	7.29	2.63	199	8.56	5.77	1	1 703.00					
11	Zu_ljanga_00001.txt	11 046	1 268	1 247	921	73.86	77.10		1000	7.01	2.99	81	15.40	11.53	1	1 247.00					
12	Zu_ljanga_00002.txt	6 914	737	716	535	74.72			1000	7.65	3.04	44	16.27	11.62	1	716.00					
13	Zu_ljanga_00003.txt	12 915	1 556	1 404	932	66.38	68.60		1000	6.60	3.25	98	14.34	11.56	1	1 404.00					
14	Zu_ljanga_00004.txt	12 145	1 351	1 324	979	73.94	72.80		1000	7.33	2.87	100	13.24	7.85	1	1 324.00					
15	Zu_ljanga_00005.txt	9 520	1 028	1 021	764	74.83	74.60		1000	7.64	2.81	91	11.22	6.64	1	1 021.00					
16	Zu_ljanga_00006.txt	16 329	2 051	1 941	1074	55.33	55.30	31.61	1000	6.36	3.68	74	26.23	24.53	1	1 941.00					
17	Zu_ljanga_00007.txt	4 249	448	440	378	85.91			1000	7.75	2.84	27	16.30	7.52	1	440.00					
18	Zu_ljanga_00008.txt	5 331	675	670	500	74.63			1000	6.31	2.89	61	10.98	6.97	1	670.00					
19	Zu_ljanga_00009.txt	25 941	2 588	2 432	913	37.54	71.85	19.91	1000	6.45	3.45	123	19.77	13.13	1	2 432.00					
20	Zu_ljanga_00010.txt	8 433	919	899	662	73.64			1000	7.48	2.80	58	15.50	9.45	1	899.00					
21	Zu_ljanga_000100.txt	9 844	1 163	1 103	821	74.43	71.00		1000	6.62	2.91	63	17.51	15.97	1	1 103.00					
22	Zu_ljanga_000101.txt	15 180	1 726	1 628	1 094	67.20	67.20		1000	7.03	3.27	121	13.45	12.72	1	1 628.00					
23	Zu_ljanga_000102.txt	14 129	1 575	1 543	1 114	72.20	73.10		1000	7.33	2.94	108	14.29	8.16	1	1 543.00					
24	Zu_ljanga_000103.txt	12 443	1 368	1 349	909	67.38	69.60		1000	7.43	3.29	107	12.61	10.36	1	1 349.00					
25	Zu_ljanga_000104.txt	12 443	1 368	1 349	909	67.38	69.60		1000	7.43	3.29	107	12.61	10.36	1	1 349.00					
26	Zu_ljanga_000105.txt	6 786	823	704	520	73.86			1000	6.55	3.43	46	15.30	12.88	1	704.00					

Ukuthuthukiswa kwamatemu kungumongo wokuthuthukiswa kolimi lube olokufunda. Okunye kokubaluleke kakhulu uma kuthuthukiswa amatemu ukulandela izimiso nemigudu esemthethweni. I-ULPDO seyihlele indlela yokuthuthukisa amatemu enezigaba ezinhlanu ezibalulekile futhi ezihlanganise nokusemthethweni obekwe i-PanSALB. Lezi zigaba ezinhlanu ukuqoqwa kwamatemu, ukuhunyushwa nokuchazwa kwawo, ukuxoxisana nomphakathi ngamatemu, ukuwacubungula amatemu, ukuwagunyaza kwamatemu. Lezi zigaba zingahlolwa ngokusebenzisa ubuchwepheshe obuthuthukiswe i-ULPDO: i-Terminology Development Platform. I-ULPDO ithuthukise nenqolobane yamatemu esiZulu asegunyaziwe ukuze atholakale futhi asabalaliseke kalula. Izigaba ezinhlanu zikhonjiswe lapha ngezansi esithombeni 1.

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

Isithombe 1: Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwamatemu



Ongoti bolimi nongoti bemikhakha ethintekayo babhunga isikhathi eside kubhekiswa itemu ngalinye esiNgisini nasesiZulwini emihlanganweni ewuchungechunge esuke ihlelwe i-ULPDO. Lokhu kwenziwa ukuze kulandelwe izimiso nemigudu ebekiwe yokuthuthukisa amatemu ngokubambisana ne-PanSALB yase-KZN okuwuhlaka olusemthethweni olunamandla okubiza imihlangano yalolu hlobo. Esikhathini ekubikwa ngaso, i-ULPDO ibe nemihlangano yokucobelelana ngolwazi eyi-10. Ihhovisi seligunyazizise amatemu ayi-1863. Ukugunyazwa kwamatemu sekukhuphule isibalo samatemu asemthethweni asetshenziswa ngaphakathi nangaphandle kwe-UKZN.

Ithebhula 1 Imihlangano Yamatemu 2014/2015

Isibalo	Umkhakha	Amatemu Athuthuki siwe	Amatemu Acutshunguliwe	Amatemu Agunyaziwe	Amatemu Asele	i-RAG
1.	Amatemu Ezomumom zimba	673	834	834	0	
2.	Ezokubhala, Ezamagama Ezindawo noCwaningo	271	0	0	0	
3.	Amatemu	210	222	224	0	

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

	Ezemidwebo zakhiwo					
4.	Amatemu Ezobuchwep heshe	145	146	0	0	
5.	Amatemu Ezobudlelwa no	192	192	0	0	
6.	Amatemu Ezomthetho	748	256	256	492	
7.	Amatemu Ezifundo NgeMvelo	513	513	0	0	
8.	Amatemu EzobuHleng ikazi	549	549	549	0	
	Ithothali	3301	2712	1863	492	

INdaba yezokuThuthukiswa Kwamatemu nokuSatshalaliswa Kwawo

Emva kwenqubekelaphambili ekuthuthukisweni kwamatemu emikhakha ehlukene kusetshenziswa imisebenzi exhaswe i-ULB kanye nomsebenzi onzima wokuthuthukisa ulimi olukade lucindezekile, i-ULB emhlanganweni wayo owawungoNhlangulana 2014 yathatha isinqumo sokuhlenganisa bonke ababambe iqhaza ukuze bacobelelane ngamasu okusatshalaliswa kwamatemu amikhakhaminingi asegunyaziwe. Kwakungenye yezinhloso zeNdaba ukuthi ababambe iqhaza bazibophezele ekusebenziseni izinsiza abanazo namakhono abo ekuthuthukiseni nasekusatshalalisweni kwala matemu ukuze esetshenziswe kwezolwazi. Ababehambe iNdaba kubalwa izithunywa zaseMnyangweni WezeMfundo Ephakeme, iminyango ehlukene kahulumeni, Abezindaba, Isishayamthetho, Omasipala, Abacwaningi Nabasebenza ngoLimi.

Indaba yavulwa ngokusemthethweni Isekelashansela noMphathi uSolwazi MW Makgoba owagcizelela ukubaluleka kwezilimi zomdabu kwezemfundo ephakeme, isayensi nezobuchwepheshe. Isikhulumi sosuku kwakunguSolwazi L Pretorius waseNyuvesi YaseNingizimu Afrika owakhuluma ngokuthuthukiswa kwezilimu zesi-Afrika kwezemfundo ephakeme. Iphini LeSekelashansela KwezokuFunda nokuFundisa onguSihlalo weBhodi YoLimi YeNyuvesi uSolwazi R Vithal wavula ngokusemthethweni iHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi. Kwaphinde kwaqala nokusebenza okokuqala kwe-INC ne-Term Bank.

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

Okwenziwa Yi-ULPDO

I-ULPDO seyizakhele ubudlelwano obuqinile nabathintekayo kwezolimi ngaphakathi nangaphandle kwesikhungo. Abangaphakathi kwesikhungo kubalwa izikole, amakolishi neminyango esekela ukufunda. Abangaphandle kubalwa amaNyuvesi, iminyango kahulumeni uMasipala waseThekwini, Isishayamthetho ne-PanSALB. Imisebenzi eyenzelwa izikole, amakolishi neminyango esekela ukufunda isukela empokophelweni YeNqubomgomo YoLimi YeNyuvesi (2006 yabukezwa ngonyaka wezi-2014). Ukuze i-UKZN ibe yisikhungo esilimimbili ngokugcwele, kunemisebenzi ethize okumele i-ULPDO iyenze futhi ichaziwe lapha ngezansi.

Njengoba kwakubikiwe embikweni weZigele wesithathu i-ULPDO iyaqhubeka nokusiza ngokuhumusha, ukutolika nokulungisa imibhalo yeNyuvesi yonke uma kunesidingo. Izihumusho esenziwe ngalesi sikhathi zihlanganise:

- Inqubomgomo Yokugqugquzelwa Kokutholakala Kolwazi
- Amabhukwana Emithetho YamaKolishi
- Imithetho Yabafundi
- Ividiyo Yomklomelo Wabafundisi Abavelele
- Imibiko Yonyaka

Ukutolika kwenziwe kulemicimbi elandelayo:

- INdaba yase-UKZN yezokuThuthukuswa NokuSatshalaliswa KwamaTemu
- Usuku Lokugqugquzela Ulimi Lwezimpawu
- Isifundo Somphakathi sika-John Dube

Imisebenzi Exhasiwe

Ngonyaka wezi-2013/2014 i-ULB yaxhasa ngezimali imisebenzi enhlobonhlobo emakolishi amathathu okuyikolishi LezesiNtu, Lezifundo ZezeMpilo neYezoLimo, ubuNjiniyela NeSayensi nemali eyi-R1, 021, 880. Ngokwemibiko esiyitholile njenge-ULPDO, ikhomba ukuthi uNkz Buthelezi wethula iphepha noDkt Keet kwi-ALTA yezi-2014 ngesiZulu elisihloko sithi *Izindlela ezimkhakhamningi neziqhakambisa umphakathi ekwakhineni kwamagama esiZulu semfundo emkhakheni neSayensi YeKhompyutha neminye encike kuwo*. Umsebenzi kaSolwazi Frescura yagunyazisa ngempumelelo amatemu ezemidwebozakhiwo ngonyaka wezi-2014. Umbhalo oluwuhlu lwezithombe nezincazelomatemu olulimimbili usuphothuliwe futhi usunikezelwe kwi-ULPDO

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

nezingxoxo zokushicilelwa kwalombhalo yi-UKZN Press ziyaqhubeka. Umsebenzi weSayensi YezoMhlaba ephethwe uSolwazi Modi usiholele ekuhunyushweni kweBhukwana Lemithetho YeKolishi, nohlu lwamatemu esiNgisi nawesiZulu ahambelana nawo asenikezelwe kwi-ULPDO ukuze kuqale umsebenzi wokuxoxisana nokucubungula njengokwemithetho ebekiwe.

UDkt. Keet no Dkt. Barbour nomsebenzi wabo we-COMMUTERM bahamba phambili ngempumelelo nokubonakala komsebenzi wabo. Amatemu ezobuchwepheshe asegunyaziwe. UDkt Keet usethukise uhlelokusebenza lokuqoqa amatemu ngolimi lwesiZulu futhi unekhasi lesizindalwazi elibhekene nokubika ngokwenzeka kulo msebenzi <http://www.meteck.org/files/commuterm/>. Uphinde washicilela umbhalo oyi-athikile oshicilelwe ebhukwini i-Alternations (vol 21) 2014 esihlokweni esithi: Limitations of Regular Terminology Practices: The Case of isiZulu Computing Terminology Practices". UDkt Mathews naye usesebenze umsebenzi omkhulu futhi nemibiko yakhe ifika njalo kwi-ULB

Imisebenzi Exhaswe yi-ULPDO

Ithebhula 1.

Unyaka	Isibongo	Isikole/Umnyango	Isihloko Somsebenzi	Inani Eligunyaziwe
2013	Buthelezi	EzesiNtu	Ukuthuthukiswa kwamatemu omkhakha azosetshenziswa abasebenza ngenqondo	R 90 000.00
2013	Christiansen	EzesiNtu	Imidlalo Yokufundisa isiZulu	R 70 000.00
2013	Frescura	EzesiNtu	Isichazamazwi Esinezithombe Samatemu AseNingizimu Afrika Emidwebozakhiwo	R 50 000.00
2013	Modi	AES	Imisebenzi enhlobonhlobo ehlanganise nezifundokubukeza zesiZulu. Ukufundisakubukeza ngesiZulu kwi-AES.	R 730 000.00
2013	Keet	AES	I-COMMUTERM	R 56 880.00
2013	Mathews	Lezifundo ZezeMpilo	Amavidiyo amafishane	R 25 000.00
2014	Modi	AES	Ukuhunyushwa NgesiZulu Kwebhukwana Lemithetho YeKolishi i-AES	R 80 000.00
2014	Bengesai	LMS	Ukuhunyushwa NgesiZulu kwebhukwana Lemithetho YeKolishi i-LMS	R 80 000.00
Ithothali				R 1 181 880.00

Ukuqashwa Nokuhlolwa Kwemisebenzi YesiZulu

I-ULB yayalela i-ULPDO ukuthi ibe nohlelo lokuhlola imisebenzi yesiZulu exhaswe ngezimali i-ULB yokusiza abafundi ezifundweni zabo. Lo msebenzi bekufanele futhi uhlole umthelela walemisebenzi neminye engaxhasiwe yi-ULB kodwa esekela izifundokubukeza zesiZulu.

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

Umcwaningi WoLimi we-ULPDO waqoqa imibiko emakolishi wonke kulabo abaphethe imisebenzi futhi abawamele kwi-ULB. Kule mihlangano, luningi ulwazi olwatholakala mayelana nokuthakasa kwabafundi besiZulu ngalezi zinhlelo kanye nokungathakasi kwabo kwezinye izinhlelo zesiZulu. Umcwaningi WoLimi uhlela umbiko wesikhashana ngokutholakale emva kokuhlolwa kwemisebenzi yamakolishi.

I-ULPDO imatasa nokuthuthukisa ithuluzi locwaningo lokuhlola umthelela walezi zinhlelo. Kumele kwazeke ukuthi eminye imisebenzi efana nezifundokubukeza ezilimibili zobuNjiniyela, zezeziMali izifundo kubukeza zeFiziksi ngesiZulu, izifundo ezihunyushiwe ngesiZulu eKolishi LezesiNtu (eMnyangweni WeSayensi YezePolitiki), isaqhubeka. Kunzima ke kulesi sikhathi ukuhlolisisa umthelela walemisebenzi kubafundi yize noma imibiko yesikhashana e-AES ikhomba imiphumela ethembisayo

Uma Sibheka Ikusasa

KuMasingana I-ULPDO izibekele inani lezigidi ezi-5 zamagama asebenzayo njengosayizi wekhophasi ozotholakala uma kuphela unyaka. Umphumela walokhu kube ukunyuka kwesivini sokwakhiwa kwekhophasi. Ekupheleni kukaMasingana 2015, ihhovisi lathola umshini wokuqoqa amagama ekhophasi okulindeleke ukuthi ukhuphule izinga lokuqoqwa kwamagama. Selokhu kufike umshini, ihhovisi selikhuphule isibalo samagama atholakala ngenyanga kusukela kwizi-14 800 kuya kuma-340 000 zamagama. Kunamasu ahleliwe ukuze kukhushulwe lesi sibalo. Ihhovisi liqale umkhankaso wokuvakashela izikhungo ezithintekayo ukuze lethule lo msebenzi wekhophasi njengomsebenzi kazwelonke obaluleke kakhulu nokucela okungasiza ekukhuliseni ikhophasi. Ukuhlelwa kombhalo wokubambisana kuyaqhubeka nomshicileli ophambili ukuze kutholakale umsebenzi omningi wokushicilelwe ngesiZulu osukela emibhalweni yakudala kuze kufike emibhalweni yabantwana yesimanjemanje.

Ihhovisi lizobe lisingethe ingqungquthela i-20th AFRILEX International Conference ezoba ngomhla ziiyi-6 -9 kuNtulikazi 2015 esakhiweni i-UNITE, ekhempasini i-Howard College. Le ngqungquthela izovakashelwa izifundiswa zasekhaya nezaphesheya emikhakheni yezamatemu, ukwakhiwa kwezichazamazwi, ikhophasi yezichazamazwi, ukuhlelwa nokuthuthukiswa kolimi ezizobe zibambe imihlangano yokucobelelana ngolwazi futhi zithula izinkulamo ngamaphepha.

INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

Ngasekupheleni konyaka, ihhovisi lizophinda libambe umhlangano wocwaningo lolimi ngomhla ziye-19 – 20 kuMfumu 2015. Umqondisi we-ULPDO uzobe eyisikhulumi esiqavile engqungqutheleni kazwelonke i-National Conference on Multilingualism in Higher Education ezoba se-UNISA ePitoli ngomhla wama-20 -21 kuNcwaba 2015. Le micimbi emikhulu iyinkomba yokuthi i-ULPDO iyakuqinisekisa ukuthi inqubomgomo nohlelo lolimi lwenyuvesi luyenzeka ngokubamba izingxoxo ezishubile nezikhungo ezahlukene nokucobelelana ngolwazi.

Okushicilelwe

I-ULPDO isishicilelo lokhu okulandelayo kusukela ekuqaleni kokusebenza kwayo:

Izincwadi

1. Khumalo, L. (Ed). 2014. *African Languages and Linguistics Theory*. Cape Town: CASAS.

Amajenali Agunyazwe yiDoHET

2. Khumalo, L. 2014. On the reciprocal in Ndebele. *Nordic Journal of African Studies* (NJAS) **23(3)**: 140-161.

3. Khumalo, L. 2014. On subject agreement in isiNdebele. *South African Journal of African Languages* (SAJAL) 34(2):137-143.

Isahluko Encwadini

4. Khumalo, L. 2014. Generative grammar and cognitive grammar: a case of the passive construction in Ndebele: 37-55. In L. Khumalo (Ed.) 2014. *African Languages and Linguistics Theory*. Cape Town: CASAS.

Umsebenzi Ogunyazwe Abanye

2014 Keet, C. M. and Khumalo, L. Toward Verbalizing Ontologies in isiZulu. In Davies, B. Kaljurand, K and Kuhn, D. (Eds.) 2014. *Controlled Natural Language. Proceedings*. 78-89, Springer.

2014 Keet, C. M. and Khumalo, L. Basics for a Grammar Engine to Verbalize Logical Theories in isiZulu. In Bikakis, A, Fodor, P and Roman, D. (Eds.). 2014. *Rules on the Web: From Theory to Applications. Proceedings*. 216-225. Springer.